INGABE I-IRS, FBI, UMNYANGO WEZEMISEBENZI WASE-MELIKA, I-MAFIA NEZINYUNYANA ZABASEBENZI KUYINGXENYE YESIGODLO SAMAROMA?
NGABE U-PAPA UYENA OPHETHE WONKE AMA-EJENSI KAHULUMENI KANYE NESIGODLO ?

IZIMFIHLO ZIKAPHAPHA

Ibhalwe ngu Tony Alamo
Ibhalwe ngonyaka ka 1983

IsiGodlo sembethe uBoya beMvu, kodwa iBhayibheli liyasho ukuthi sinjenge **"sifebe esikhulu,"** inkolo yokukhonza izithixo/ibandla likaSathane (IsAmbulo 19:2).[1] Sisebenzisa amagatsha ama-ejensi kahulumeni kuwo wonke amazwe, okubandakanya neMelika, njengemikhovu yaso enodlame. Ukwanda kwamandla aso nokulawula esikwazi ukukwenza kuhulumeni, kwenza sikwazi ukucasha "ngoBoya beMvu" ukuze sisetshenziswe uhulumeni futhi kungabi isona esisolwayo ngobubi esibenzayo.

ISIZATHU: Ukuphoqelela imithetho elimaza, igxeke, ibhidlize, futhi inqume wonke umuntu nayo yonke imibono engahambisani namaRoma ukuze sikwazi ukuhlala njengondlunkulu kaSathane (isifebe esikhulu).

Ngenxa yokuthi kade salangazelela ukulawula uhulumeni womhlaba namabandla, isiGodlo esinjengenyoka sesingene sagxila emhlabeni nakuhulumeni wase-U.S. kanye nenqwaba yabantu abakholelwa kuso abanogqozi nabaqeqeshisisiwe futhi abangamalunga azinikele enkolo yobu-Jesuit, sikwazi ukulawula uBumbano lwaMazwe (olwakhiwe isona "isifebe"),[2] i-White House, uKhongolose, ama-ejensi akuzo zonke izifundazwe, amaphiko kahulumeni, abantu nezenhlalakahle okubandakanya noMnyango wezeMisebenzi e-U.S., i-IRS, i-FBI, iNkantolo ePhakeme, ezamaJaji, umbutho wamasosha, uhulumeni kanye namanye amaphoyisa, kanye nohlelo lwamabhange lomhlaba kanye namabhange ezigodlo eziphakeme zikahulumeni (abizwa nge-Illuminati ne-Agentur), izinyunyana zabasebenzi,[3] i-Mafia, kanye nemithombo yezindaba eseqophelweni eliphezulu.

Lomgungu wabathakathi (isiGodlo) sekusele kancane ushintshe uMthethosisekelo wase-U.S ngemithethosisekelo kaSathane, engcolile, ebulala "abahedeni" (noma ubani ongasiye umuRoma). UJenene Lafayette, owayewumsizi ohloniphekile kaMongameli uGeorge Washington washo lokhu sakuprofetha, **"Uma inkululeko yabantu baseMelika ike yamoshakala, iyowa ngesandla sabefundisi basesontweni lezithixo lamaRoma aKhatholika."**[4]

Namuhla sibona ivuthondaba lezinhlelo eziningi ezivele enkulumweni eyethulwa eminyakeni engamashumi amahlanu edlula, e-Australia, yethulwa uMbhishobhi oMkhulu wamaRoma -uMbhishobhi Gilroy:

> **"Isiqubulo sesiGodlo sithi thina sisodwa simele owethu amaRoma aKhatholika. Kumele sehlule abahedeni [abantu abangewona amaRoma] uma sekuvotwa. Ubaba ongcwele uthi imizamo elwisana nathi izoholela ekufeni. Okufunwa ubaba ongcwele [uPapa] ukuthi imisebenzi kaHulumeni ibe ngeyamaRoma ngokuphelele (100%) maduze nje. Kumele kuqinisekiswe ukuthi akuzukuba khona ozosola uma amaRoma esenikezwa imisebenzi kaHulumeni sinyenyela kunamaProtestanti, amaJuda kanye nabanye abahedeni."**

Izigidigidi zabantu esezibulawe ngesihluku isiGodlo, kusho iNkosi (IsAmbulo 18:24). Kulotshiwe emlandweni ngaleliqiniso. Ngesikhathi soPhenyo noKuhlolisiswa kwamacala okwenziwa iBandla lamaRoma aKhatholika (iRoman Catholic Inquisition) eYurophu kwahlushwa abantu abayizigidi ezingu68 (68 million); bahlukunyezwa futhi babulawa ngesihluku bakhinyabezwa ngamabutho alebandla likasathane.[5] Isibhicongo sokugenca ngesihluku kwabantu esaziwa nge-St. Bartholomew's Day Massacre sadlula nemiphefumulo yamaProtestanti engu 100 000.[6] UMongameli Abraham Lincoln wasola uPapa ngeMpi yaseMelika lapho kwakulwa amaqembu asuka esizweni esisodwa (iCivil War) ngalawamazwi:

> **"Lempi yayingeke iphumelele ngaphandle komthelela omubi wama-Jesuit. Ihhovisi likaPapa yilo elibangele ukuthi izwe lethu ligcwale igazi lamadodana ethu aqotho." Kusho u-Lincoln engezela, "Ngikhululekile unembeza ngokuphelele kodwa angikwazi ukukhulula unembeza kaPapa nabalandeli bakhe, ihhovisi likaPapa qobo, uma besangitshela, ngokusebenzisa imikhandlu yabo, izazi zeBhayibheli, nemithetho yebandla ukuthi unembeza wabo ugunyaza ukuthi bashise umkami, baklinye izingane zami, futhi banqume umphimbo wami uma bethola ithuba."**[7]

Ngenxa yokudalula kwakhe okufihlakele ngesiGodlo samaRoma, u-Abraham Lincoln wabulawa njengoba wayeshilo. Yebo, wabulawa bukhomo ama-Jesuit ngaphansi kwemiyalelo yamaRoma.[8] IsiGodlo asikashintshi kusukela ngesikhathi sika-Lincoln.

IPHUTHA LIKA-J.F.K. ELAMBULALA

Ngesikhathi u-John F. Kennedy ebuzwa isiGodlo, "Ngabe uzoqhubeka nemithetho yesiGodlo noma noMthethosisekelo wase-U.S.?" UMnumzane Kennedy wabaphendula wathi, "UMthethosisekelo wase-U.S."[9] Ilonaphutha eladala ukuba abulawe uMongameli u-Kennedy. Ukubulawa bukhomo kwakhe kwaba yisinqumo saseRoma, kwase kuhlelwa futhi kwenziwa ngama-Jesuit, njengoba kwenzeka kuMongameli u-Lincoln. Noma ubani owayenolwazi olunzulu ngokubulawa kukaMnu. Kennedy wayiswa kwagoqanyawo.

Ngesikhathi izwe laseMelika likhala ngokuthi makwenziwe uphenyo, UMphathi wamaJaji u-Earl Warren (ilungu lamaKnights/amaQhawe asendulo aColumbus (Knights of Columbus), umkhandlu oyimfinhlo wasesigodlweni samaRoma) waqokwa ukuze

1 IsAmb. 17:1-5, 15 **2** *Vatican Imperialism in the Twentieth Century*, Avro Manhattan, amakhasi 167-170 **3** *Vatican Imperialism in the Twentieth Century*, Avro Manhattan, ikhasi 162 **4** *50 Years in the "Church" of Rome*, Charles Chiniquy, ikhasi 483 (eyokuqala eyabhalwa ngo-1886, itholakala nge-PDF, ikhasi 342) **5** *Smokescreens,* Jack Chick, ikhasi 35 **6** *History of the World in a Christian Perspective, Ivolumu II lesi-II,* A Beka, 1981, ikhasi 352 **7** *50 Years in the "Church" of Rome,* Charles Chiniquy, amakhasi 498, 503 (eyokuqala eyabhalwa ngo-1886, itholakala nge-PDF, amakhasi 352, 355) **8** *50 Years in the "Church" of Rome,* Charles Chiniquy, ikhasi 512 (eyokuqala eyabhalwa ngo-1886, itholakala nge-PDF, ikhasi 361) **9** *Vatican USA,* Nino LoBello, Trident Press, amakhasi 79, 161-166

enze uphenyo. Wazishaya phambili wazishaya emuva—njengoba kwakumele enze, kwase kuthi emuva kwesikhathi esanele, lwavalwa uphenyo. Njengoba esho upapa, "Izenzo eziphikisana nabo ziyabulala." Khumbula ukuthi uMongameli Kennedy wayengumncomi omkhulu futhi engumfundi ka-Abraham Lincoln futhi azi lokho okwakwaziwa uMnu Lincoln.

Impi yoMhlaba yesibili, eyadlula nemiphefumulo engaphezu kwezigidi ezingamashumi amathathu (30 million) (amaJuda ayizigidi eziyisithupha (6 million)—i-Holocaust),[10] yaphehlwa futhi yaxhaswa isiGodlo, uHitler, uMussolini noFranco ababengamalunga alebandla (inkolo yezithombe yamaRoma)[11] ukuze lizuze umhlaba lingawuzuzeli uKristu, kodwa liwuzuzele isiGodlo, uMphikiKristu.

Isiphithiphiti esiseNkabeni yaseMelika naseNingizimu neMelika, ubudlova nokuphatha ngonya , ngaphansi kwaCastro, owaqeqeshwa ngama-Jesuit,[12] e-Cuba nakulolonke lase-Caribbean, kanye nokuvukelwa kombuso nobushokobezi esibubona emazweni aseLebanon nase-Ireland, namuhla, konke lokhu kuwumsebenzi wezandla zesiGodlo. Sewuyabona-ke manje ukuthi kungani uNkulunkulu ethi inkolo yezithombe yamaRoma ingunina wamanyala emhlabeni (IsAmbulo 17:5)?

IsiGodlo besazi ukuthi emuva kweMpi yoMhlaba yesibili abantu abaningi bavuleka amehlo babona ukuthi impi yabe iwuPhenyo loKuhlolisisa ngesihluku kwesiGodlo, (i-Vatican Inquisition), ngakho saceba isu lokusebenzisa elinye lamaqhinga aso aziwayo, okudida umkhondo ngokuthi sivule inhlangano i-John Birch Society ukuze bonke abantu badlinze futhi baxoxe ngobuKhomanisi (okuxhaswe yisiGodlo) kunokuba kubhekwe isonakali esikhulu (isiGodlo). Baphumelela ngamalengiso kulokhu.

IsiGodlo sixhasa zonke izinhlangano zamavukelambuso ezinkulu emhlabeni. Isizathu salokhu ukwenza abantu bangakwazi ukucabanga ngembangela yezehlakalo ezinyantisayo nezingachazeki, ezenziwa amaqembu abashokobezi ngesikhathi isiGodlo siqhubeka nokubukela phansi uhulumeni womhlaba ukuze kube yiso esengamele umhlala wonke (amandla obuPapa). Uma kuqubuka izindaba zamavukelambuso, kwethusa ngendlela yokuthi kunciphisa izindaba ezimayelana nokuthi isiGodlo siphuca uMthethosisekelo wase-U.S. amandla nokuthi abantu baphucwa amalungelo abo ezenkolo (bayaboshwa, kuvalwa izikole namasonto). Ilokhu impela okufunwa isiGodlo; ukulawula ezenkolo zomhlaba nohulumeni wethu. Bathanda kakhulu lapho ubushokobezi bububi ngokudlulele, bunokuhlanya, budida, bunyantisa igazi futhi bungachazeki. Isikhondlakhondla somthombo wezindaba sasesiGodlweni sikwenza uhlale umatasa ucabanga ngakho konke lokhu. Njengoba seyidaluliwe indlela abasebenza ngayo, bazophuthuma (ngemithombo yabo yezindaba noMongameli waseMelika, osanda kubajoyina) bazoba ngabagqugquzeli bomkhankaso wokuqeda ubushokobezi (obudalwe yibo) ukuze benze wonke umuntu akholwe ukuthi balungile futhi bayimakholwa, nokuthi bekungeke nje kube yibo abanesandla ezenzweni ezifana nalezi. (Izindaba zakamuva: ezifana nekuthi u-Terry Waite uxoxisana ne-Lebanon.)

UJim Jones, oyidikoni lama-Jesuit angamaRoma aKhatholika owayezenza umKristu, kwanikelwa ngaye (hhayi nge-Kool-aid enoshevu), wabulawa, nethimba lakhe, ebulawa isiGodlo ukuze senze umhlaba ubhekisise futhi usole ukubulawa kwamaKristu asuke ehambele ezindaweni zokukhuleka,[13] (ama-retreat).

> **"Kukhona izinto eziyisithupha azizondayo uJehova, yebo, eziyisikhombisa eziyizinengiso emphefumulweni wakhe: amehlo azidlayo, nolimi lwamanga, nezandla ezichitha igazi elingenacala, nenhliziyo eceba imicabango emibi, nezinyawo ezishesha ukugijimela ebubini, nofakazi wamanga ophafuza inkohliso, obanga ukuxabana phakathi kwabazalwane" (IzAga 6:16-19).**
>
> **(Zonke lezinto uNkulunkulu azizondayo, isiGodlo esiyidimoni siyizo.)**

Uke waqaphela ukuthi njengoba isiGodlo silawula i-U.S. Customs and Immigrations asikwazi ukuphuma kulezwe singazange siphenyisiswe ngokusezingeni eliphakeme (uphenyo, ukuphenya ngokusebenzisa i-radar, nezinye izindlela zokuphenya ngobuchwepheshe). Kodwa ngeminyaka yango-1960, ngesikhathi u-Timothy Leary[14] oqeqeshwe ama-Jesuit asesiGodlweni ehola ukubhebhetheka kwezidakamizwa entsheni yasezweni lethu, uMnyango ophethe eze-Immigration kanye neCustoms (eZokuthutha uyohlala kwamanye amazwe nezokuLawula Imingcele) kwabasengathi awukwazanga ngalesosikhathi njengoba sewukwazi manje, ukuthola izidakamizwa ezinesisindo samashumi ezinkulungwane zama-pound ezingena ezweni lethu elithandekayo, nelihlonishwayo, nge-Mafia, efihla futhi ishushumbise konke okungekho emthethweni ekutholayo (yonke imali eyithola esithe) ngokusebenzisa isiGodlo. Kungenzeka kube yilesi isizathu esenza uMongameli Abraham Lincoln athi, **"Ngibona ifu elimnyama kakhulu kumkhathizwe waseMelika. Futhi lelofu elimnyama livela kwelaseRome."**[15]

Bheka ukuthi iBhayibheli lithini ngoMphikiKristu odale konke lokukhwabanisa nokuchitheka kwalo lonke legazi:

> **"Ngase ngibona owesifazane [isiGodlo] edakiwe yigazi labangcwele negazi lawofakazi bakaJesu. Kuthe lapho ngimbona, ngamangala [ngokumangala okukhulu]" (IsAmbulo 17:6).**
>
> **"Ngokungangalokho elizidumise latamasa ngakho, linikeni ukuhlupheka nokulila okungako. Ngokuba enhliziyweni yalo lithi: Ngihlezi ngiyinkosikazi, angisiye umfelokazi, futhi angisoze ngabona ukulila" (IsAmbulo 18:7).**
>
> **"Laba [oHulumeni] bamqondo munye kanti futhi bazonikela ngamandla abo okubusa esilweni," lapho kushiwo umbuso kahulumeni owodwa, uhulumeni waseMelika wesifunda, nokazwelonke, okubandakanya nama-ejensi ezenhlalakahle, axhaswe uSathane, azonikeza amandla kuMphikiKristu ngokwenza imisebenzi yakhe (IsAmbulo 17:13).**

Lezi zingezinye zezimpawu zokugcina ngci eziseBhayibhelini encwadini yeSambulo ngaphambi kokubuyela kukaJesu emhlabeni kanti futhi nesikhathi siyobe sesiphela nya. UNkulunkulu wabhubhisa umhlaba ngamanzi,[16] iSodomu neGomora ngesibalule nomlilo.[17] Ezikhathini zombili, uNkulunkulu wayethumele izithunywa zakhe ezazishumayela ngokubhubhisa okwakuzoba khona. Namuhla uNkulunkulu ngomusa wakhe ongapheliyo uxwayisa wonke amaRoma, **"Phumani kulo, bantu bami, ukuze ningahlanganyeli nazo izono zalo, nokuba ningamukeli okwezinhlupho zalo," (IsAmbulo 18:4).** Uma nimunye njengabantu baNkulunkulu, uma uMoya onikeza ukuphila uniqwashise ngempilo engunaphakade, ngakho yenzani futhi nilalele iZwi ngokuphuma kuye. Ngobani? Ngoba ukungalenzi kuwukungalaleli futhi ukungalaleli kufana nobuuthakathi.[18]

Ama-ejensi amaningi esiGodlo, okungama-ejensi kaHulumeni wesifunda kanye nawazwelonke,anjenge-IRS, OSHA, noMnyango wezabaSebenzi wase-U.S., nezinyunyana zabasebenzi, baphumelele ekucekeleni phansi isisekelo somnotho wezwe lethu ngokuphazamisa ngokuhlukumeza nokuketula amabhizinisi nezimboni ezibalelwa emakhulwini. Lezenzozzidale ukuthi lamabhizinisi aqumbeke phansi aphele nya.[19] Lokhu kushiye izigidi zezakhamizi zaseMelika ziphelelwe imisebenzi futhi zidla imbuya ngothi, kube amabhizinisi esiGodlo engathikanyezwa nhlobo kunalokho ayachuma, ngoba yiwo aphethe ama-ejensi kahulumeni. Bheka ukuthi uthini uNkulunkulu ngoMphikiKristu uma esephonswa esiHogweni:

---

10 *Information Please Almanac,* 1982, ikhasi 98 **11** *Smokescreens,* Jack Chick, ikhasi 19 **12** *Smokescreens,* Jack Chick, ikhasi 35 **13** *Double Cross,* Chick Publications **14** PBS Inkulumo yasebusuku no-Timothy Leary, kuNtulikazi ngo-1983 **15** *50 Years in the "Church" of Rome*, Charles Chiniquy, ikhasi 510 (Eyokuqala eyabhalwa ngo-1886, itholakala nge-PDF, ikhasi 359) **16** Gen. Isahluko. 6-7 **17** Gen. 19:24-25 **18** I Sam. 15:23

"Abakubonayo bayakugqolozela bakuqaphele, bathi: Nguye lomuntu [uMphikiKristu] owawuzamazamisa umhlaba wanyakazisa imibuso; owenza izwe laba yihlane, wayichitha imizi yalo, akavumela iziboshwa zakhe?" (UIsaya 14:16-17).

IZIKHULU ZIKAZWELONKE ZESEKA IZINKAMBU ZEZIGQILA ZESIGODLO

Enye yezimboni zesiGodlo eyenza izigidigidi zama-dollar, izinkambu zezigqila lapho kwenziwa utshwala newayini. Lezinkambu azinankinga nhlobo kwezabasebenzi ngoba ngokuphula umthetho zisebenzisa abantu ezingabakhokheli (izikhonzi zamaRoma eziyizinkulungwane). Lama ejensi kahulumeni akavumeli muntu ukuthi athokozele ilungelo lokuzinikela ekusebenzeleni uNkulunkulu, uBaba wethu, noMsindisi wethu, iNkosi uJesu Kristu ngoba sonke "singabahedeni" (abantu abangewona amaRoma). Yebo, izimboni zabo zizochuma ngaphandle kwenkinga noma ukuhlukunyezwa ngokusebenzisa abasebenzi abangakhokhelwa kubaFowabo abangamaKristu,[20] Phakathi kwazo lezimboni, kukhona iLa Salle, neBenedictine, okuyizimboni zotshwala newayini (izinkambu zabasebenzi abayizigqila) nakwezinye eziningi kusukela e-Napa Valley, California, kuya e-New York.

I-IRS yesiGodlo noMnyango wabaSebenzi wase-U.S. manje sewenza okungale komthethosisekelo ngokwahlukanisa phakathi kwezamasonto nezezwe futhi, nganoma eyiphi indlela, sizama ukubhidliza wonke amasonto nezikole ezisemqoka zamaKristu. Enye yezindlela yokwenza lokhu, ukuziphuca ilungelo lokungayikhokhi intela. Lenhlangano emelene neMelika, futhi engahambisani noMthethosisekelo wase-U.S. (i-IRS), nokho inikeze zonke izinhlangano zamakhomanisi zaseMelika ilungelo lokungayikhokhi intela ngaphansi kwe-Internal Revenue Code 501(c)3. Ayikaze izame ukubaphuca lelo lungelo.[21] I-ejensi yokuqoqa imali yaseRoma (i-IRS) iqinisekisile ukuthi abantu benkolo yobusathane amaRoma kanye nabobonke abadlelana nayo (isonto lomhlaba elilodwa) yilokuphela elinezinhlangano zezenkolo e-U.S. engakhokhi intela yempahla noma intela kumabhizinisi ayo enza izigidigidi ngezigidigidi zama-dollar.[22] Lokhu kwenziwa ngaphansi kweSigaba 892 se-Internal Revenue Code. IsiGodlo yiso kuphela esiyinkolo ethola uxhaso lwezigidi ngezigidi zama-dollar oluvela kuhulumeni unyaka nonyaka uluya ezikoleni zaso (izikole zamaRoma).[23] Lemali ivela kuma-dollar enu eniwakhokha njengeintela. Njengoba kusho uMbhishobhu oMkhulu u-Gilroy, **"Yithi kuphela simele owethu amaRoma aKhatholika"** futhi **"kumele sibahlule bonke abahedeni."**

IsiGodlo sisetshenziswe iQembu lamaKhomanisi ukusiza ekucekeleni phansi amasonto ase-Russia (ama-Orthodox), futhi sisebenzise iQembu lezombusazwe lama-Nazi emzamweni waso wokuqeda amaJuda namasinagoge awo. (Ngoba isiGodlo sithi bonke abantu ngaphandle kwaso "bangabahedeni"— abantu abangewona amaRoma.)

I-IRS - I-EJENSI EQOQELA INKOLO YEZITHIXO YAMAROMA INTELA

AmaJesuits angamaRoma aqale uhlelo lwebhange lwezizwe zonke[24] olubizwa nge-Illuminati ne-Agentur (abesesola amaJuda ngalokhu). Isiqubulo saseRoma sithi, "Ophethe amasaka emali ubusa amazwe." IsiGodlo saqala zonke izimpi (izinhlangano) zokuqeda abahedeni emhlabeni (abantu abangewona amaRoma) sasesiboleka amazwe imali evela ebhange laso ukuze abenemali yokulwa naso. Ngobuwula savumela le-ejensi eqoqela lenkolo yezithixo intela ukuthi ingene ezweni lethu (i-IRS ephendula abaseRoma kuphela).

Ngokomthetho kaNkulunkulu oseBhayibhelini, njalo emuva kweminyaka engamashumi amahlanu kufanele kuqedwe izikweletu ezingasakhokheki (ukuphunyuzwa). Lokhu kubizwa ngonyaka wejubili (ULevitikusi 25:10). Asilaxaze umthetho ophakeme, webandla lezithixo lamaRoma, umthetho wokufa nokubopheleka bese sibuyela emthethweni kaNkulunkulu neNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Asicacise (unyaka wejubili). Izikweletu zivele kuSathane (inkolo yezithixo yamaRoma) ukuze zisilimaze zisifake kwizibopho zezezimali. Akuthina esaqala lezimpi, asizange sizifune lezimpi, futhi asibolekanga mali. Pho kungani sizithola sihlupheka? Lezimpi zavela ezinhlanganweni zamaRoma zokuPhenya nokuHlolisia ngesihluku (Inquisition) ukuze zibumbe umhlaba ube nohulumeni owodwa, nebandla elilodwa kanye nomthombo wezindaba owodwa.[25]

Emhlanganweni wenkomfa wesonto lomhlaba elilodwa owabanjwa e-Vancouver, amanye amavolontiya ethu athuka ukubona amathimba avumelana nokuthandana kwabantu bobulili obubodwa nezincwadi, namathimba avumelana nobuthakathi nezincwadi zakhona, ukudakwa, kanye nokuningi okuphambene tu noNkulunkulu okuphakanyiswa yilesonto elikhulukazi lomhlaba lezithixo. Labantu abagcwele ubusathane babiza wonke umuntu oshumayela iZwi langempela, elehlukanisa phakathi kokubi nokuzingcwelisa wenze okuhle[26]—babiza lokhu ngokukhonza izithixo. Kodwa baphakamisa yona le nhlangano eyodwa yomhlaba nomholi wenkolo yezithixo, upapa...

> **"Omelana nakho konke, nozikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu noma into ekhonzwayo, aze [noma osezoba upapa] azihlalise ethempelini likaNkulunkulu ezishaya uNkulunkulu [eJerusalema]" (2 kwabaseThesalonika 2:4).**
>
> **"lowo okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane ngawo onke amandla, nezibonakaliso, nezimangaliso zamanga, nangayo yonke inkohliso yokungalungi kwababhubhayo, ngenxa yokuba bengavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe" (2 kwabaseThesalonika 2:9-10).**

Baguqa futhi baqabula indandatho nezinyawo zakhe[27] bamubiza "ngobaba ongcwele," okungavumelekile ngokweBhayibheli.[28] Benza zonke izifiso zakhe. Ngokusibiza ngenkolo yezithixo, thina esihamba ngoMoya futhi senza konke okufunwa uNkulunkulu, benze isono esingexolelwe— sokuthuka uMoya oyiNgcwele—esingasoze saxolelwa kulomhlaba noma emhlabeni ozayo (NgokukaMathewu 12:31-32). Kodwa uSathane akanandaba ngoba vele semuthukile uMoya oyiNgcwele.

UPHAWU LWESILO

USathane ufuna uye kobhubha esiHogweni naye ingunaphakade.[29] Futhi ukwenza ukuthi wenze lokhu, buka ukuthi wenzeni: ngokusebenzisa uhulumeni nama-ejensi kahulumeni, uhulumeni umise umthetho ophoqelela ukuthi ube nophawu esandleni noma esiphongweni ukuze ube nemvume yokuthengisa noma yokuthenga (lokhu kungenzeka ngasese kungabonakali ngokusebenzisa ubuchwepheshe bamalaser beams). UNkulunkulu ubiza loluphawu ngokuthi "uphawu lwesilo" (IsAmbulo 19:20). Isigodlo sizosebenzisa

---

19 *The Vatican Billions,* Avro Manhattan, amakhasi 214-215 **20** *The Vatican Billions,* Avro Manhattan, ikhasi 182 **21** Kuze kube ngu-1987 zonke izinhlangano zamakhomanisi bezingayikhokhiswa intela. Manje, ngenxa yezincwadi zami, bayeka ukungawakhokhisi amaqembu amakhomanisi. Nokho, amakhomanisi asesiGodlweni asengene agxila kuhulumeni ecashe ngaphansi kwamagama amaRepublicans namaDemocrats kangangoba abasadingi ukukhululwa ekukhokheni. Ngingasabali ukuthi izibonelelo zikahulumeni ezinikwa "abahlwempu" futhi nezibonelelo zezigidigidi zama-dollar zinikezwa izikole zamabandla kanye nezinhlangano zamaKhatholika ezihambisana nazo. Ngingasabali umxhaso kahulumeni onikwa amaqembu azenza hlwempu mbumbulu kanye nezigidigidi zezimali zomxhaso ezinikwa izikole zamasonto kanye nezinye izinhlangano ezivelele zamakhomanisi angamaKhatholika. **22** *Vatican USA,* Nino LoBello, ikhasi 87 **23** *Vatican USA,* Nino LoBello, ikhasi 79 **24** *Vatican USA,* Nino LoBello, amakhasi 45-47 **25** Dan. Isahluko 7, 8:23-25, 2 Th. 2:3-12, IsAmb. 12:12-17, Isaya 13, 14:8-11, 15:2, 16:13-14, 16, 19, Izahluko 17, 18, 19:1-3, 11-21, 20:1-4, 7-10 **26** AmaH. 97:10, Rom. 12:9, 1 Kor. 10:21, 2 Kor. 6:14-18, Ef. 5:3-12, Jak. 4:4, 1 Joh. 1:5-6 **27** *The Crisis of Church and State 1050-1300,* Brian Tierney, Prentice-Hall, ikhasi 49 **28** Math. 23:9 **29** 1 Petr. 5:8, IsAmb. 12:11-12

igama elihle elithile sithi "uphawu lokuthula, lothando, lobunye, lokuhlanganyela, njll." Uthi uNkulunkulu uma siluthatha loluphawu siyokuya esiHogweni (IsAmbulo 14:9-11).

Upapa, isikhulu esikhulu, nama-ejensi akhe nohulumeni bazothi uma singenalo loluphawu sizonqunywa (ngeke sikwazi ukuthenga noma ukuthengisa). Ngiyethemba uNkulunkulu ukuthi uyongondla, njengoba ondla abantwana bamaHeberu iminyaka engamashumi amane besoGwadule lwaseSinayi. Futhi uNkulunkulu uzokwenza izimangaliso kubalandeli bakhe abethembekile abangamvumeli upapa, ama-ejensi akhe ahulumeni, nophawu.

UMongameli u-Reagan naye uthakathwe amakhathakhatha esiGodlo njengabanye abaholi bamazwe ngamazwe. Lokhu kucace bha ngokuthi inxusa lethu lase-US lithunyelwe emzini omkhulu wobufebe wamaRoma (ihhovisi lasekhaya lalelibandla likasathane, kanye nekomkhulu jikelele lalebandla).

Mnu. Mongameli, uchitha isikhathi sakho esiningi kakhulu nalabaholi abaqeqeshwe ama-Jesuit, ukubumba isonto lomhlaba elilodwa, futhi bakweluleka ngezeluleko ezingalungile impela. Ngabe imali yisiGodlo nokwesekwa isiGodlo okukhulu okubangela ukuthi ube yingxenye yalenkolo yezithixo? Ngabe ungathengisa umphefumulo wakho ophilaphakade wonke ngokuzijoyinela nokuhlanganisa izwe lethu kuMphikiKristu ngenxa yemali namandla esikhashana?

INkosi ibuza ukuthi, "Kuyomsiza ngani umuntu ukuthi: azuze izwe lonke, alahlekelwe umphefumulo wakhe [waphakade]?" (NgokukaMarku 8:36). Ngokwenza lokhu, sewusenkingeni enkulu noNkulunkulu ophilayo, ngaphandle uma ungaqondisa izindlela zakho uphumele obala, umemezele emphakathini ukuthi isinqumo sakho sewusishintshile ukuze iNkosi kanye nomphakathi wazi ukuthi kahle kahle umi kuphi.

Ngenhlonipho enkulu, Mnu. Mongameli, egameni likaJesu, ngisho lokhu kuwe. Sisezikhathini zokugcina, nosuku losopolitiki seluphelile. Sonke kumele sazise abantu ukuthi kukhonani kithi. IBhayibheli lithi lowo ongemukeli ukusolwa okusuka eZwini likaNkulunkulu, ufana nesilwane (IzAga 12:1). Mnu. Mongameli nani nonke bomongameli namakhosi amazwe ngamazwe, sonke siyokwahlulelwa, futhi ngikholwa ukuthi isikhathi sesidonsela eduze impela.

UMU-ISRAYELI WEMPELA UYAKHOLELWA KUNKULUNKULU

Angisiye umshumayeli ofundele ubufundisi, ngingum-Israyeli wempela, ohlanzwe ngegazi likaJesu, ogcwaliswe ngoMoya oyiNgcwele, nothunywe iNkosi ukuthi: ashumayele uJesu obethelwe, wavuka, futhi ophilayo, nozobuya maduze kulomhlaba.[30] Nginegunya eliphelele elivela eZulwini lokushumayela lokhu.

Um-Israyeli wempela yilowo okholelwa kuNkulunkulu, okuyinto amaJuda amaningi angayenzi, ngoba aphika uMesiya ngokuphika imibhalo engaphezu kwama-300 eseThestamenteni elidala ekhuluma ngoMesiya. Amanye ama-Israyeli asephendukele kulohlaka (inkolelo yamaRoma). IsiGodlo besifuna babe ngabafundisi ukuze bakwazi ukubabika kwi-Knesset yakwa-Israel njengezimpimpi. Abanye balabafundisi bamaJuda, abangama-Jesuit aseRoma, balaphaya (esiGodlweni) namhlanje njengezimpimpi. Ngesikhathi seMpi yoMhlaba Yesibili, i-Poland yabe iyizwe elilawulwa isiGodlo kakhulu. Uma isiGodlo sithanda amaJuda kangaka—ngaleso sikhathi nanamuhla—kungani savumela ukuthi izindawo zokuhlahlela, nokubulawa kwamaJuda amaningi zibe se-Poland? Kungani isiGodlo sakhanda ngamanga lombhalo olwa namaJuda, obizwa ngokuthi, "i-Protocol of Elders of Zion," lapho sisola thina MaJuda ngezifiso zesiGodlo zokuhola umhlaba wonke? Kungani sisola thina MaJuda ngamaqhinga amabhange omhlaba esiGodlo, ama-Illuminati kanye nama-Agenturs?[31] Futhi kungani isiGodlo sinezimpimpi ezizenza abefundisi kwi-Knesset, uma lenkolo yezithixo yamaRoma, elwa namaJuda, ithanda amaJuda ngalendlela? UNkulunkulu uthi:

> **"O bantu bami, abaniholayo bayanidukisa; bachitha indlela yemikhondo yakho" (UIsaya 3:12).**

Isikhathi sokubuya kwesibili kukaMesiya yiso lesi, ngakho phenduka noma ubhubhe,[32] okuchaza ukuthi amukela uMesiya nomnikelo wakhe, okuyigazi laKhe aLichithela izono zakho,[33] noma ubhubhe, okuchaza ukuthi uzoya esiHogweni uma ungakwenzi.[34]

Kunabaholi bezenkolo abaholela izigidi zabantu esiHogweni ngenxa yokuxhumana nokudumisa kwabo uMphikikristu nenkolo yezithixo, "ngobuzenzisi babantu abakhuluma amanga, abashe onembeza, njengokungathi bashiswe ngensimbi yokubeka uphawu" (1 kuThimothewu 4:2). Abanye bangabaphristi bama-Jesuit abenza sengathi bayimaKristu. Bona kanye nezinhlangano zabo sebeklonyelisiwe kahle kakhulu abaseRoma ngoba sebeqhube izinkumbi zabalandeli babo abebengazelele, labalandeli bazithola sebengene ntshi esontweni lomhlaba jikelele likaSathane (elinezinhlelo zokubafaka uphawu lwesilo)[35] egameni lobudlelwano bobuKristu, ukuthula, ugazi nokuthandeka kubantu (icharisma), kanye nothando. Abantu bayengeke kalula ekutheni bangene kulesiphambukiso esiyinkolo yezithixo yesiGodlo **"ngoba abatholanga uthando lweqiniso, ukuze basindiswe"** (abalilandelanga ngqo iZwi likaNkulunkulu). Ngenxa yalokhu, uNkulunkulu wathi **"uyothumela okukhohlisayo okunamandla, ukuze babhubhe abangalikholwa iqiniso, banamela ukungalungi [icebo loMphikikristu lonke lelo]" (2 kwabaseThesalonika 2:3-12).**

Labaholi mbubulu bayayithanda imali yebandla lamaRoma kanye nobudlelwano bezepolitiki. Kubenza bahlale bebonakala komabonakude basemazweni abo kanye nabaphesheya kwezilwandle, futhi kubasiza ukuthi bazakhele imibuswana yabo emincane yesikhashana, bazakhele idumela Ngamagama abo, imibuso enjengeziteshi zomabonkakude, amanyuvesi, izindawo eziyizigodi zasemaphandleni, kanye namanye amabhizinisi ayize, kanye nalokho okufanele ngabe kuyizinkonzo zokuhlanganyela zamaKristu. UNkulunkulu uthi

> **"Ukuthola ingcebo ngokuqamba amanga kuyize elizulazulisayo kulabo abafuna ukufa" (IzAga 21:6).**

Labaholi badumisa ophapha futhi bayabaseka. Bavame ukuvakashela upapa kwelaseRoma futhi babandakanya abaholi basemaRomeni kweminingi imicimbi nemibhiyozo yabo, futhi bangabi namahloni okubaveza eziteshini zabo zakumabonakude nasemisakazweni. Bagqugquzela ubuholi bukaMongameli uReagan obududulela izwe lethu kuMphikiKristu (isiGodlo). IsiGodlo siyabagqugquzela ngoba bayafana (banamanga). Kulula ukubabona, ngicabanga ukuthi uyazi ukuthi bawobani (vula umabonakude wakho).

Khulekela abalandeli babo abangaboni ngoba "bethemba amazwi ayimanga, angenakusiza" (UJeremiya 7:8), kanye nalabaholi abayizimpumputhe "abangalikhulumi iqiniso: bazifundisile izilimi zabo ukukhuluma amanga" (UJeremiya 9:5), abahola izimpumputhe, ngoba uJesu wathi bonke bayowela emgodini (NgokukaLuka 6:39). UJesu waphinda wathi:

> **"Bonke abaqamba amanga, isabelo sabo siyakuba sechibini elivutha umlilo nesibabule" (IsAmbulo 21:8). Futhi abazukulibona izulu, "Ngaphandle kukhona izinja, nabathakathi, nezifebe, nababulali, nabakhonza izithombe, nabo bonke abathanda nabenza amanga"**

---

30 Math. 10:7-8, 28:18-20, Mark. 16:15-20, Luk. 24:46-48, IzE. 1:8-11, 10:38-43, 1 Kor. 1:17-24, 2:1-5, 9:16-17, Kol. 1:25-29, 2 Thim. 4:1-2 **31** *A History of the World,* Hugh Thomas, Harper-Row, ikhasi 498; Germany 1866-1945, Gordon A. Craig, Oxford, ikhasi 84 **32** Joweli 2:28-32, Math. 24:3-51, Luk. 21:7-36, 2 Thim. 3:1-5, 1 Petr. 4:7, IsAmb. 6:12-17, 14:6 **33** Math. 26:28, Rom. 3:22-26, 5:8-21, Kol. 1:13-14, 20-23, Heb. 9:11-14, 10:5-17 **34** IzA. 15:24, Math. 3:12, 13:24-30, 37-43, 47-50, 22:13-14, 24:42-44, 48-51, Luk. 3:17, 6:19-31, 13:26-28, IsAmb. 20:11-15 **35** IsAmb. 13:15-18, 14:8-11, 15:2, 16:1-2, 19:20, 20:4

(IsAmbulo 22:15), ngoba bafana naye (uSathane) owakhohlisa u-Eva manje osekhohlisa umhlaba (konke ukufa kwaqala ngamanga).[36]

UJesu akafikelanga ukuletha ukuthula, kodwa inkemba (NgokukaMathewu 10:34). Wafika ukuze asikhombise umehluko phakathi kokukhanya nobumnyama, okuhle nokubi, iqiniso nenkohliso, umzimba kaKristu kanye noMphikiKristu. Wathi, izimvu Zami ziyalazi izwi Lami futhi azizukulilandela elinye (NgokukaJohane 10:3-5, IsAmbulo 14:4). Uzwa iphimbo likaJesu noma iphimbo likapapa? Ngabe ungomunye wezimvu zikaJesu noma uyimbuzi kaMphikikristu?[37] Uthanda ukuzwa amanga noma iqiniso (Izwi likaNkulunkulu)?

Iningi lenu leseke uMphikiKristu ngokukhipha okweshumi kulezinhlangano. Sekani uKristu, hhayi uMphikikristu, kungenjalo nizoya esiHogweni kanye naye ngoba neseke amanga akhe. Ama-ejenti esiGodlo ayiMfihlo azenza amaKristu agcwele emabandleni ukuqoqa imali yokwakha ithempeli eJerusalemu okungeloMphikikristu (iThempeli likaSolomoni), futhi amaKristu angenalwazi nokuqonda, acabanga ukuthi akusikona ukungahambisani noNkulunkulu ukukhohliseka, njengo-Eva owakhohliswa, abanikeza imali yokwakha, esikhundleni sokuthi aqaphe futhi enze ubuzalwane ngokukhipha okweshumi emisebenzini yobuKristu yeqiniso. UJesu wathi, **"Abantu bami bayabhubha [baya esiHogweni] ngenxa yokuswela ulwazi" (UHoseya 4:6).**

Isikhulumi samaRoma sibhoka ngolaka uma kushunyayelwa iZwi likaNkulunkulu sithi "asikholwa ukuthi kulesikhathi sanamuhla kusenabantu abashumayela ngenzondo, nokucindezela, njll." Kodwa lamanxusa esiGodlo empeleni athi, abakholwa ukuthi kulesikhathi sanamuhla abantu basashumayela iZwi likaNkulunkulu, iqiniso, nokuthi abantu basenesibindi sokuveza uSathane obala (bona). Abawile, bamabandla ahlukene sebehlangene nesiGodlo bathi "akukho eBhayibhelini lapho kuthiwa, uNkulunkulu noma iNdodana yakhe, uJesu Kristu, uyaphendula uma efakwa imibuzo, noma bayalele abantwana babo ukuba baphendule lapho bebuzwa."

Ebhayibhelini—encwadini kaGenesise kuya kwiSambulo—uNkulunkulu, iNdodana uJesu Kristu, Izinzalamizi (amapatriyakhe), abaphrofethi, abafundi kanye nabaphostoli babemphendula ngazo zonke izikhathi uSathane, njalo uma kuvela izimfundiso zakhe zenkohliso.[38] UJesu usiyalele ukuthi sisebenzise inkemba (iZwi likaNkulunkulu) ukuze sivikele futhi silonde iVangeli ngokumphendula uSathane (zonke izikhathi) ngesibindi nangokuzimisela.[39] Siyalelwe ukuthi siphendule kwinkohliso kaSathane (ukuhlanekezela iZwi) njengoba uJesu enza uma emphendula eNtabeni yokuLingwa (NgokukaMathewu 4:3-11).

UPawulu, ngoMoya oyiNgcwele, wathi "Shumayela iZwi," (2 kuThimothewu 4:2). Ungayishayi indiva imibhalo ekhuluma ngoMphikiKristu, abaphrofethi bamanga, ngokuphendula, ukukhuza, nokuthethisa. UJesu wathi siphila (siya eZulwini) ngalo lonke iZwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu ophilayo. (NgokukaMathewu 4:4). Lokhu kusho ukuthi amazwi amayelana ngoMphikiKristu, abaphrofethi bamanga, njll, ngoba uJesu wathi siyakulazi iqiniso (iqiniso lilonke, lonke izwi), futhi iqiniso liyakusikhulula (NgokukaJohane 8:32). Kodwa uMphikikristu kanye nabaphrofethi bakhe bamanga abafuni ukhululeke ngoba umphathi wabo uSathane, uthanda ukugcina abantu beboshiwe. Uma bengafuni abantu baboshwe, kungani pho bevuka inja ebovu uma kushunyayelwa lonke iZwi likaNkulunkulu (elikukhulula kuSathane)? Futhi kungani bethi ukushumayela iZwi eliphelele kuyinzondo embi, ubandlululo, nokukhetha uma bengeve bengabantu baSathane?

UMphikikristu kanye nabaphrofethi bakhe bamanga bathi abafuni lutho—oluphathelene nokusebenzela uNkulunkulu—ngentshisekelo. Bathi ukugcina imiyalelo kaNkulunkulu, ukushumayela kanye nokwenza iZwi likaNkulunkulu ngentshisekelo kuyisono. Kodwa encwadini yeSambulo, uJesu usiyalela ukuthi sizinikele kungenjalo uyosihlanza emlonyeni waKhe (IsAmbulo 3:16). Ukushisekela, kanye nokubanogqozi (intshisekelo) kuyimithetho kaNkulunkulu kanye nabagcotshiweyo baKhe. Siyalelwe ukuthi kukho konke esikwenzayo, sikwenze engathi siseNkosini (KwabaseKolose 3:23) ngenhliziyo ezinikele, ngenkuthalo (intshisekelo) (NgokukaMathewu 22:37), ngogqozi (ukuzimisela). Futhi uma abantu bephoxwa yiZwi likaNkulunkulu (noma ngabe elithini), uNkulunkulu uthi banjengezilwane. Futhi uNkulunkulu uthi ukuphoxwa noma ukushaya iZwi laKhe indiva kuyisono.[40] Ukuchitha izwi likaNkulunkulu kuwukuchitha uKristu, sisindiswa ngokwamukela (ukukholwa) iZwi, elinguKristu. **"Kholwa iNkosi uJesu Kristu [iZwi], khona uyakusindiswa" (IzEnzo 16:31).**

IsiGodlo, ngokusebenzisa i-Mafia, saqala saqeda ukuziphatha ngendlela efanele (sachitha ubuqotho) ezweni ngezinkanuko zobufebe nokuhlobonga (iphonografi), ukuthengisa ngemizimba (ubufebe), izidakamizwa neziyobisi (ama-narcotics), ukukhiqiza nokusabalalisa utshwala, njll. Manje ngezenzo zokulunga kokuzenzisa, sizama ukumisa imithehto yokukhawula yonke lemfucuza novobe oludalwe yiso uqobo ezweni lethu nasemhlabeni jikelele. Le yindlela yenkolo yezithixo yokukhohlisa, indlela embi yokwenza ukuthi ukholwe ukuthi silungile, sihloniphekile, simsulwa futhi singcwele. Futhi enye yemizamo yaso yokuqala yokuzama ukulawula umhlaba wonke.[41] Isizathu sesibili saloluhlelo lokulawula kuzobe kuwukulawula zonke izinkulumo, okubandakanya neBhayibheli—ngaphandle uma iBhayibheli lishunyayelwa ngendlela ethandwa yiso.[42] Siyazi ukuthi umhlaba awuzazi izindlela zobuSathane zaso zokwenza izinto, futhi umhlaba—awazi ukuthi konke ukungcola nezenzo ezingamahloni zidalwe yiso (isiGodlo) kwasekuqaleni—ngakho uzoncoma, ubabaze futhi usidumise ngalesenzo "sokulunga" ebesihlosiwe ngaphambili. Lokhu sikwenza ukuyenga bonke abangenalwazi ngaso namaqhinga aso ukuze bawe basuke eNkosini, bagcine bengene ngaphansi kwaso.

Izinhlelo zokusasa esizibekele lababantu abayizimpumputhe ukubayisa esiHogweni. Siyazi usizi luyathanda ukuzisulela nakomunye umuntu. USathane nabalandeli bakhe abafuni ukusha bodwa. Bafuna wena, sihlobo esithandekayo, uchithe ingunaphakade nabo ezinhlungwini zasesiHogweni.[43] Uyakufuna lokhu abakufisela kona? Noma ngabe uyakwazi lokho uJesu akubekele kona, okuyintokozo engunaphakade uhlezi naye uqhelelene nabo bonke ububi, nokukhohliswa kanye nakho konke okungase kukulimaze?[44]

LUNGISA INDLELA YAKHO NONKULUNKULU

Ungahlali ubheke umhlaba wesikhashana, ozophela maduze.[45] Hlela ikusasa lakho elingunaphakade ngokufunda ngohlelo uMdali kanye noMholi woMhlaba akwenzele lona—ngokwenqaba isu elisobala lalenkonzo yezithixo, isu lokubusa umhlaba wonke likaSathane kanye nalenkonzo yezithixo yakhe yamaRoma, eyize nokungeyesikhashana.[46] Uma ungakwenzi lokho, uzobe ukhombisa uNkulunkulu ukuthi nawe unobusathane futhi awuhloniphi imiyalelo njengaloSathane ozibiza ngokuthi uwumshumayeli kaNkulunkulu, "unkulunkulu" uqobo lwakhe kulo mhlaba. Lungisa indlela yakho noNkulunkulu—njengamanje lingakashoni ilanga (njengoba selimshonele uSathane). Intuthu yakhe yasesiHogweni izokhuphuka ingunaphakade (IsAmbulo 14:11).

"Wozani-ke, sithethe indaba usho uJehova; noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu

---

36 Gen. 3:4-5 **37** Math. 25:31-46, Joh. 10:1-16, 26-28 **38** Math. 4:3-11, 16:21-23, IsAmb. 22:18-19 **39** Ef. 4:27, 6:17, 2 Thes. 2:14-15, 2 Thim. 1:13, Thith. 3:10, Heb. 4:12, Jak. 4:7 **40** Hez. 20:21-24, Zak. 7:11-13, Jak. 2:10-11, 1 Joh. 3:4 **41** *Church and State,* Vol. 37, No. 1, Jan. 1984, ikhasi 16 **42** *The Vatican Empire,* Nino LoBello, ikhasi 68 **43** Math. 22:13, 25:30-46, Mark. 9:43-44, Luk. 3:17, 2 Thes. 1:1-9, 2 Petr. 2:4, 9, IsAmb. 14:10-11 **44** Isaya 64:4, 1 Kor. 2:9, IsAmb. 7:16-17, 21:3-4, 22-27, 22:1-5 **45** AmaH. 103:15-18, Joh. 12:25, Jak. 1:9-12, 1 Joh. 2:15-17 **46** Dan. 7:7-11, 23-26, IsAmb. 14:8, 16:10-11, 17:15-18, Isahluko 18, 19:20

njengobubende, ziyakuba njengoboya bezimvu" ngegazi likaJesu (UIsaya 1:18).

Ngothando lukaNkulunkulu wathumela ukuthi lokho ayekuthanda kakhulu, (Indodana Yakhe) ukuba isifele. UJesu usithanda kangangoba wadela ukuphila kwakhe kwaphalala igazi lakhe ukuze izono zethu zihlanjululwe, zithethelelwe.[47] Uma simthanda uNkulunkulu neNdodana yaKhe, uJesu Kristu, njengoba asithanda, sizolahla izono kanye nezindlela zethu zobubi, sifunde iZwi likaNkulunkulu ngendlela eyiyo, futhi sinikeze umhlaba iqiniso lika Nkulunkulu, umhlaba obulokhu uqanjelwa amanga isikhathi eside, ukuze uyithole lempilo uNkulunkulu neNdodana yakhe abasipha yona mahhala. Kodwa-ke bangazi kanjani engekho umshumayeli na (hhayi imfundamakhwela, kodwa umuntu ofunde zonke izindlela zeNkosi)?[48]

"Kepha uma nala, nihlubuka, niyakudliwa yinkemba, ngokuba umlomo kaJehova ukhulumile" (UIsaya 1:20).

Uma ufisa ukusindiswa yisho lomkhuleko, uzobe sewusindiswa:

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphefumulo wami, umoni.[49] **Ngiyakholwa ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.**[50] **Ngiyakholwa ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelelwe zonke izono zami engizenze ngaphambilini.**[51] **Ngiyakholwa ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafileyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,**[52] **nokuthi Uhlezi ngakwesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.**[53] **Ngivula umnyango wenhliziyo yami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziyweni yami, NKOSI JESU.**[54] **Ngihlanze kuzo zonke izono zami ezingcolile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.**[55] **Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.**[56] **IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdikila umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.**[57] **Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.**[58] **Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungiyala futhi ngingabe ngisona.**[59]

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhapathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.[60] Ngenkuthalo fundisisa iBhayibheli, wenze lokho elikushoyo.[61]

USimakade ufuna utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imeyli ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Yabelana ngalomyalezo nomunye umuntu.

Uma ufuna umhlaba usindiswe, njengoba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe neminikelo. UNKULUNKULU wathi, "Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?" Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, "Sikuphange kanjani na?" Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi ['okweshumi'— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imiphefumulo iyasindiswa] Futhi ningivivinye ngalokhu, usho uJehova-Sebawoti, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina ngiyokhuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwesikhathi endle, usho uJEHOVA-Sebawoti. Futhi zonke izizwe ziyokuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVASEBAWOTI" (Malaki 3: 8-12).

NAZI EZINYE IZIMFIHLO ZIKAPHAPHA

IsiGodlo sinezimfihlo kangangoba abaphristi abaningi, ama-sistela kanye namalungu asemazingeni aphansi enkonzweni kanye nabantu abasebenza emazingeni aphansi kuma-egensi kahulumeni abazi nakwazi ukuthi bayingxenye yenkolo yezithixo enkulukazi emhlabeni jikelele, kanye nokuthi izidakamizwa, ukuthengisa ngomzimba, izinkanuko zobufebe nokuhlobonga, ukukhiqizwa kotshwala kanye nokushushumbisa(iblack market)—konke okungcolile—kunesisusa esiGodlweni kanye nama-ejensi aso.[62] Abaphumile kulesikhungo esikhulukazi, senkolo yezithixo badalule ukuthi ama-68% ababusi basesiGodlweni bawongqingili, futhi bayafeba. Zonke lezenzo azivumelekile nakancane ziphambene noNkulunkulu futhi zizobangela ukuthi imiphefumulo eminingi iqonde esiHogweni uma ingaphenduki.[63] Ngokuhamba kweminyaka, abantu abaningi babize isiGodlo "njengompheki wenkohlakalo noma umgodi wokukhwabanisa."

Owayengumphristi oseqophelweni eliphezulu wama-Jesuit owayesebenza esiGodlweni iminyaka eminingi futhi ephendula kupapa kuphela wangitshela ukuthi ngesikhathi upapa wanamuhla, u-John Paul II, engumphristi eKrakow, ePoland, abasebenzi basemafemini babefuna ukumbulala, bathi abasafuni ukuthi afike kubo. Futhi uma kungenzeka afike, babezomushaya ngezidwedwe ezinamafutha, ngoba kwakubikwe ukuthi unukubeza izingane zabo ezisencane. Babika nokuthi (lona osengupapa namuhla, u-John Paul II) unguungqingili. Lokhu kuyacacisa ngokusobala ukuthi kungani imithethonqumo kahulumeni omusha wesiGodlo ingabacwasi ongqingili.

Encwadini emayelana nothando (inkanuko) eyabhalwa nguPapa u-John Paul II esengumphristi, wacaphuna amazwi ka-Sigmund Freud kaningi kungathi ucaphuna umbhalo ongcwele. U-Sigmund Freud, umJuda owaphenduka waba ngumRoma, udume umhlaba wonke njengesonakali esivelele emhlabeni jikelele. USathane, ngokusebenzisa uhulumeni owodwa wohlaba wonke, isonto, nomthombo wezindaba, wesiGodlo bamphakamisa, kanjalo nawo wonke umkhakha wokuhlola ezifo zengqondo (i-psychiatry), ukuze kukhishwe amagama athi "isono" kanye "nokuzinyeza." IsiGodlo saba sethubeni lokusebenzisa izazi zezengqondo (ama-psychologists kanye nama-psychiatrists) ukufaka ezikhungweni zabagula ngengqondo, namuhla kanye nasendulo abantu abakholelwa emandleni kaNkulunkulu nezindlela zakhe ezimangalisayo axhumana ngazo nabantu. Labo dokotela bengqondo kanye nemithombo yezindaba emikhulukazi yesiGodlo bayaqhubeka nokudelela (bahlekisa) nganoma ubani osebenzisa iZwi likaNkulunkulu ukuveza obala amanyala alenkolo yezithixo, uNkulunkulu ayibiza "ngesifebe" encwadini yeSambulo, kanye nanoma ubani ome EmaZwini wonke kaNkulunkulu, okubandakanya imiyalelo kaKristu yokuvusa abafileyo, ukwelapha abagulayo, ukukhipha amadimoni, ukuzalwa kabusha, ukuchitha nokudalula uSathane (isifebe sasencwadini yeSambulo). U-John Paul II kanye nenkanuko ka-Freud bayahambisana, njengoba naye ekuvuma lokhu encwadini yakhe.

Njengoba "esezibona esefike esicongweni" (umholi wenkolo yezithixo yamaRoma kanye nama-ejensi kahulumeni) angakwazi ukushaya imithetho ehambisana nalokho akucabangayo. Manje usefuna siphile emaphusheni akhe ngokwenza imithetho ephoqa intsha yabesifazane nabesilisa ukuthi isebenzise izindlu zangasese

47 Math. 26:28, IzE. 13:38-39, Heb. 9:22, 26, 1 Joh. 1:7 **48** Rom. 10:14 **49** AmaH. 51:5, Rom. 3:10-12, 23 **50** Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1:30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 **51** IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5:9 **52** AmaH. 16:9-10, Math. 28:5-7, Mark. 16:9, 12, 14, Joh. 2:19, 21, 10:17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15:3-7 **53** Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 **54** 1 Kor. 3:16, IsAmb. 3:20 **55** Efe. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 **56** Math. 26:28, IzE. 2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol. 1:14 **57** Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 **58** Heb. 11:6 **59** Joh. 5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb. 7:14, 22:14 **60** Math. 28:18-20, Joh. 3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 **61** Dut. 4:29, 13:4, 26:16, Josh. 1:8, 22:5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb. 3:18 **62** IsAmb. 17:1-6, 18:2-3, 23-24 **63** Math. 15:18-20, Rom. 1:20-32, 1 Kor. 6:9-10, 18, 10:8, Efe. 5:5, Heb. 12:16-17, 13:4, IsAmb. 21:8

ezihlanganisayo emadomi asemakolishi. Ingqondo yakhe egcwele inkanuko ithokoziswa ukubona abantu bephoqwa ngomthetho ukuze bahambisane nendlela yakhe ethe phecelezi yezinkanuko. Lemithetho emisha yamaRoma yenkanuko nokufa iphoqelelwa ama-ejensi kahulumeni amabili abizwa ngokuthi uMnyango wezeZindlu kanye nokuThuthukiswa kweDolobha kanye noMnyango wezeMfundo,[64] okwenza kuzwakale kusemthethweni, futhi isetshenziswa ukuze kufihleke imisebenzi yesiGodlo yokwembatha uBoya beMvu.

Empini kamoya ephakathi kukaNkulunkulu noSathane, sithokoziswa ukuthi uJesu wathi, "Mukhulu umvuzo wenu oseZulwini: ngoba abaphrofethu ababengaphambi kwenu bahlushwa" (NgokukaMathewu 5:12). Siyinhlangano enamandla kakhulu yezobuKristu emhlabeni jikelele (futhi siyazigqaja ngalokho).

Eminye imibhalo eshicilelwe engamanga futhi ekhuluma amanga (abanye baze bakhohlise ngokuphrinta amaBhayibheli) bese bengamulaleli uJesu, owathi, "Ningamuki muntu ngendluzula, ningamxabeleli" (NgokukaLuka 3:14), basifakile ezincwadini zabo ezimayelana nezinkolo zezithixoNgenxa yamanga abo, nangenxa yokubaluleka kokuthi sigcine isithunzi somsebenzi weNkosi, kube nesidingo sokuthi sihlole lemibhalo eshicilelwe, futhi vele, sithole ukuthi iqhamuka enkolweni yezithixo yobu-Jesuit nesiGodlo.

"Nichobozeleni abantu bami, nigaye ubuso babampofu, na? kusho iNkosi uJEHOVA SEBAWOTI" (UIsaya 3:15).

Anazi yini ukuthi "umuntu uyovuna akutshalile" (KwabaseGalathiya 6:7)? UNkulunkulu uzokubuyisela okwenza kwabanye sekuphindiwe… "Ukuphindisela kungokwami ngiyakubuyisela Mina, kusho uJehova." "Ngizonxephezela" (KwabaseRoma 12:19, KumaHeberu 10:30).

Sithokoza ngoba umklomelo wethu mkhulu ngenxa yamanga akhulunywe ngathi (kusho uJesu) (NgokukaMathewu 5:11-12).

Ama-ejensi kahulumeni wesiGodlo ebambisene kanye nemithombo yezindaba emikhulukazi kwenze ukuthi sikwazi ukuba nentokozo enkulu kanye nemiklomelo eminingi eZulwini ngoba basifake ezinkantolo besibeka amacala angekho futhi, baqala imikhankaso eminingi yokusiqambela amanga kuleminyaka eyishumi nanhlanu edlule.[65] Lapho siphenya, sithole ukuthi imithombo yezindaba emikhulukazi,[66] kanye nama-ejensi kahulumeni esesiwabale ngenhla, alawulwa isiGodlo ngasese futhi/noma angeyaso. Siyakubonga futhi siyakudumisa, Jesu, ngokusambulela lamaqiniso, nokusiqinisekisa ukuthi sizoklonyeliswa. UMhayi wamahubo uDavide wabhala wathi:

"Amakhosi omhlaba ayazihlanganisa, nababusi baceba icebo ngoJehova nangocetshiweyo, ngokuthi: masigqabule izibopho zabo, silahle izintambo zabo, zisuke kithina. Yena [uNkulunkulu] ohlezi ezulwini uyahleka, iNkosi iyabadelela. Ibisikhuluma kubo ngentukuthelo, ibethuse ngolaka lwayo" (AmaHubo 2:2-5).

UMKLOMELO OSABISAYO WALABO ABALWISANA NONKULUNKULU

Emkhulekweni wakho kumele ubandakanye bonke laba abaseshweni lokulwa noNkulunkulu, iNdodana yaKhe, uJesu Kristu, uMoya oyiNgcwele, kanye nabagcotshwa baNkulunkulu, ngoba uma beqhubeka, bazothola umvuzo osabekayo. Thina, njengoBaba wethu oseZulwini, kanye neNdodana yaKhe, uJesu Kristu, asifisi ukubona muntu eya esiHogweni. Yingakho siyalela abantu ukuthi bakhuleke egameni leNkosi uJesu Kristu ukuze nabo bathole uKristu njengomsindisi wabo bese beqala ukumsebenzela kunokuba benze imisebenzi engalungile engenamvuzo, isiphetho sayo esingukuya esiHogweni ingunaphakade. (Akusho ukuthi sikhulekela uSathane noma labo abathuke uMoya oyiNgcwele, asibakhulekeli [1 kaJohane 5:16]). Ibandla lethu selikhule kangangoba seliqine kakhulu njengoba uJesu athi kuyoba njalo uma sihlushwa. Uma uNkulunkulu alithanda kangaka izwe, akumele yini nathi senze njalo. Sonke lesambulo, sibhalwe ngothando, ukuze imiphefumulo eligugu ingabe isakhohliswa isiGodlo kanye neziNhlangano ezisebenzisana naso, ithathe uphawu lesilo bese izithola esiHogweni.[67]

Noma ubani odalula amaqiniso ngalenkolo yezithixo (inkolo yezithixo yamaRoma) kanye nezinhlangano ezidlelana nayo kusukela emlandweni, kuze kube namuhla, ubizwa ngokuthi ungumhedeni, ukhohlakele, uyingozi, ugcina izimfihlo, unobandlululo kwezokukholwa, njll. futhi uzithola esezingelwa ngemikhankaso emikhulukazi yokuhlambalazo nokuchitha isimilo somuntu.

Bathi siphethwe umsangano wokwesaba isiGodlo. Ngabe u-Abraham Lincoln no-John F. Kennedy nabo babenomsangano wokwesaba isiGodlo? Kanye nezigidi zabantu namuhla abahlushwayo nabahlukunyezwa ama-ejensi esiGodlo kanye naphethwe uhulumeni kanye nalabo abangasebenzi nabadla imbuya ngothi (abanye abahlezi emajele ngoba baphoqwa ukuthi bantshontshe ngenxa yobubha), ngabe baphethwe ngumsangano wokwesaba isiGodlo?

Ngenxa yalesithombe, inkolo yezithixo yamaRoma izoshaya sengathi yona (ebantwini bonke) iyahlushwa, futhi izosho ngokudabukisayo ukuthi, "Kungani lokhu kwenzeka kithi?" bazi ukuthi labo abangazazi lezinto bazozwelana nabo. (Angizwelani noSathane.) Akumina obhale iZwi likaNkulunkulu, ngiyalishumayela kuphela. UNkulunkulu akazondi okuhle, uzonda okubi qha.[68]

IsiGodlo kanye nabantu baso bafanelwe ukuthola izindondo zama-Oscar Academy Award, ngomsebenzi ophuma phambili wokuzenzisa ngokuthi bamsulwa, futhi bangcwele; kanye futhi nangokuziphophotha nokuswenka bezenza ukuthi babukeke njengoSnow White. Ngaphansi kwezimpahla zoBoya beMvu, bachichima izilonda ezijuzayo nemibandama. Ngaphandle bayamoyizela basho kamnandi bethi, "Ngiyakuthanda mfowethu," kodwa ngemuva emhlane, bafihle izandla eziconsa igazi lalabo abafela ukholo.[69]

Nasi isibonelo sokuthi isiGodlo sizifihla kanjani. Ngesikhathi sibona eMpini yoMhlaba yesiBili (olunye uphenyo olukhulu olunesihluku lwesiGodlo (i-inquisition) ukuthi siyahlulwa, saphuthuma sacashisa, amaJuda ayizinkulungwane ukuze, emuva kokubulala amaJuda ayizigidigidi eziyisithupha, babezokwazi ukuthi, "Sacashisa futhi savikela amaJuda; siyawathanda amaJuda." Empeleni lokhu ikho kanye okwenziwa isiGodlo.

Sisekulendima yezindodo, sesiside isikhathi isiGodlo sisemkhakheni wamabhayisikobho.[70] I-Hollywood, ngomthelela womuntu wasebandleni lamaRoma yasikhiphela amafilimu afana nalawa: "The Song of Bernadette (Iculo likaBernadette)," "Going My Way (Ngihamba ngendlela yami)," kanye nenqwaba yamafilimi adumisa inkolo yezithixo yamaRoma. Kwelinye icala, bachitha amafilimu afana nalawa: "Elmer Gantry," baveza ukuthi abavangeli babazalwane abalungile. Usalukhumbula uhlelo oluthi: "Dragnet" olwaludlala kumabonakude? Umzalwane wayehlala evezwa ephethe iBhayibheli elikhulu, emoyizela emuva kokuklinya ugogo esitezi.[71] Futhi abaphristi babehlala bevezwa behloniphekile, behola kakhulu njengo-Bing Crosby no-Barry Fitzgerald. Uyabona ukuthi isiGodlo sidlala ngezingqondo yethu emikhakheni eminingi (umholi webandla elilodwa lomhlaba wonke kanye nabo bonke ohulumeni bomhlaba).

Sisaqhubeka nendima yaso yokwembatha uBoya beMvu, isiGodlo sisebenzisa imithombo yaso yezindaba ukugqugquzela uhlelo lweCBS olungamahora amathathu futhi lwe-propaganda. Kuloluhelo kuzobe kudidiyelwe kuwashwa unkulunkulu obunjwe ngobumba, umholi wenkolo yezithixo. Nginesiqiniseko sokuthi isigameko sokujikijelwa ngamafutha sasala ngaphandle kulowombhalo wohlelo.

---

64 *Vatican USA,* Nino LoBello, amakhasi 78-79 **65** *Vatican Imperialism in the Twentieth Century,* Avro Manhattan, ikhasi 155 **66** *The Documents of Vatican II,* Walter M. Abbott, S.J., amakhasi 319-331; *Vatican Imperialism in the Twentieth Century,* Avro Manhattan, ikhasi 150; *The Rockefeller File,* Gary Allen, Isahluko. 6; *None Dare Call It Conspiracy,* Gary Allen, Isahluko 5; *Collier's National Encyclopedia,* 1936, s.v. "Illuminati," *Catholic Encyclopedia,* s.v. "Illuminati," "Ingolstadt" **67** IsAmb. 13:16-18, 14:9-11, 19:20 **68** AmaH. 7:11, 45:6-7, IzA. 8:13, Am. 5:15, Rom. 1:18, Heb. 1:8-9 **69** IsAmb. 17:1-6, Isahluko 18 **70** *Vatican USA,* Nino LoBello, ikhasi 20-21 **71** *Smokescreens,* Jack Chick, ikhasi 46

Kunabantu abaningi abalungile enkolweni yezithixo yamaRoma abangacebile, abanye badla imbuya ngothi, futhi abangafuni izikhundla eziphezulu. Iningi labo lithobekile. Labantu abajwayelekile ngokujwayelekile abazi ngobubi obuhambisana nenkolo yezithixo yamaRoma, eseyidluliselwe ebandleni. Ngoba uNkulunkulu owazi izinhliziyo zabo (uwuNkulunkulu wezinhliziyo zethu), Uthi kulabantu abangazi, **"Phumani kuye, bantu baMi" (IsAmbulo 18:4).** Ngakho masikhulekele ukuthi basheshe baphume.

Mangimkhumbuze umphathi wabo onobuSathane (upapa) ophethe indlu yamaRoma yokuthengisa ngomzimba kanye nohulumeni abamnikeza amandla, ukubusa kwakho kuzophela maduze, kusho iNkosi.

"Ngokuba ngehora linye nje ingcebo engaka ichithekile" (IsAmbulo 18:17).

"Nomusi waso wenyuka kuze kube phakade naphakade" (IsAmbulo 19:3).

"Ngabona kuphuma emlonyeni kadrako, nasemlonyeni wesilo, nasemlonyeni womprofethi wamanga omoya abathathu abangcolileyo, befana nezingxangxa" (IsAmbulo 16:13).

Ubuphristi bamaJuda baphela eKalvari;[72] akukho eBhayibhelini laphokuthiwakhonauNkulunkuluunikezeleamandlakumaNtaliyane, ama-Pole, noma olunye uhlanga, ngaphandle kwamaJuda. Futhi ezizweni eziyishumi nambili zamaJuda, abavela esizweni samaLevi abenziwa uNkulunkulu ukuthi babe ngabaphristi.[73] Lokhu kuveza ukuthi isiGodlo asihambisani nemibhalo futhi siphila emhlabeni ongekho wokuziqambela. Ngesikhathi uJesu ethi, "Kufeziwe," uJesu kuphela owaba nguMphristi oMkhulu (NgokukaJohane 19:30).[74]

IsiGodlo sifuna ukusuka eRoma siye eJerusalema. Mhla zingama-26 kuMandulo 1973, i-Houston Chronicle yabika ukuthi u-Henry Kissinger owayelambele umbuso wasiza lenkolo yezithixo enamandla amakhulu (isiGodlo) ngokuhlongoza ukuthi "iJerusalema libe idolobhakazi ezizweni elilawula zonke izindawo ezingcwele kanti futhi nokuqondiswa kwezenkolo kunikwe upapa."

IBhayibheli alikaze likhulume ngendawo ekuthiwa isihlanzo, (i-purgatory) noma indawo efana naso, kodwa iBhayibheli likhuluma ngokuthi, **"Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa" (KumaHeberu 9:27).** UNkulunkulu wathi, umuntu uya eZulwini noma esiHogweni kuphela akukho okunye.[75] Awukwazi ukuthenga indlela eya eZulwini, futhi awukwazi ukuthenga indlela yokuphuma esiHogweni.

ETestamenteni eliSha akukho lapho kuthiwa khona masibulale abantu abangakholelwa yilokho esikholelwa kukho. Nokho, isiGodlo sibiza lokho kubulala ngokuthi "impi engcwele" futhi siyakuvuna, okuphinde kufakazele ukuthi impela sikholelwa enkolweni yezithixo futhi asihambisani nemibhalo engcwele.

Eminyakeni engamashumi ayisihlanu adlule uMbhishophi omkhulu u-Gilroy wathi:

"Ngenxa yokulawula iposi kwebandla lethu lamaRoma, umnyango wezeposi unendlela yokuhlola ukuthi abanye abantu abangawona amaRoma [abahedeni] ukuthi bakuphi kanye nezimo abakuzo. Njengoba kunabantu abawululoluhlobo eposini lethu nasemsebenzini wakho, kumele singasabi ukuthi amaphoyisa ethu angumshoshaphansi angabanjelwa ubugebengu."

Njengoba sazi lamaqiniso, kusobala akuthi umnyango wezeposi uzama ukusiphuca ilungelo lethu lokuposa okuningi ngamanani aphansi. Ngobugebengu bagodla inkululeko yokusho okuthandayo kanye nenkululeko yezenkolo, okungamagaranti amabili okugcina omthethosisekelo, isiGodlo esizama ukuwasunduza ngesinyelela. Ama-ejensi kahulumeni, ngokusebenzisa imithombo yezindaba kanye nezomthetho kuwo wonke amazwe, ngaphansi kwemiyalelo evela kwelaseRoma, azosho nakanjani ukuthi *IMfihlo kaPapa* iyimibhalo "yenzondo" futhi azokutshela ukuthi ngiyisitha sakho. Kodwa, njengoba uMphostoli uPawulu asho, nami ngisho njalo, "Ngaphenduka isitha sakho esikhulu, ngoba ngikutshela iqiniso?" (KwabaseGalathiya 4:16).

Ngikhuluma iqiniso, ukuze abantu baphunyuke ekubusweni komhlaba ngaphansi kobuholi obunolunya bomfundisi kaSathane kanye nemigomo yakhe yokubusa kwamaRoma enokuphoqelela nenzondo, kunokusebenzisa umthethosisekelo wobunkulunkulu waseMelika (ongumthetho waseMelika), ukuze abantu basemazweni wonke babalekele uphawu lwesilo kanye nomlilo wasesiHogweni—ngabe inzondo leyo? UJesu wathi ukukhuluma iqiniso kuwuthando futhi usiyalela sonke ukuthi sishumayele iqiniso ezizweni zonke,[76] ngoba uJesu wathi, **"Niyakulazi iqiniso, futhi iqiniso liyakunikhulula" (NgokukaJohane 8:32).**

Ungakhetha ukukholwa upapa noma yimi. Ngambule okumbalwa okuyizimfihlo zikapapa. UNkulunkulu wathi inhlangano kapapa ingunina wazozonke izinengiso ezikhona emhlabeni, hhayi u-99% wezingeniso, kodwa zonke izinengiso.[77] Funda iBhayibheli lakho leNkosi uJames, bese ubona ukuthi ngabe ngikhuluma iqiniso na. Kholwa nguNkulunkulu. **"Kholwa iNkosi uJesu Kristu, uyosindiswa" (IzEnzo 16:31).**

---

72 Isaya 53:7, Mark. 15:37-39, Heb. 2:14-18, 3:1-4, 4:14-16, 5:1-6, 7:19-28 **73** Eks. 28:1, 30:30 **74** Heb. 2:14-17, 3:1, 4:14-15, 5:5-10, 7:26-28, 9:11-28 **75** Rom. 2:5-6, 5:18, 14:10-12, 2 Kor. 5:10, Heb. 9:27, Juda 6, 14-15 **76** Mark. 16:15, Luk. 9:60-62, IzE. 10:42, Rom. 10:13-15, 1 Kor. 1:17-18, 2 Thim. 4:2 **77** IsAmb. 17:3-15, 18, 18:2-13, 23-24

Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.

Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078

Inombolo yethu yocingo esebenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:

(661) 252-5686 • Fax (661) 252-4362

www.alamoministries.com • info@alamoministries.com

Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, inikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidingo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyo yabo, umphefumulo, ingqondo namandla.

Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo kulenombolo: (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333 Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalalisi wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)

LEZI ZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).

MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.

Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.

Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:

© I-Copyright yenziwe ngo1983, 2006, 2012, 2013, 2014 Wonke amagunya ogodlwe ngu Mfundisi Womhlaba uTony Alamo ® Ku-Registered ngo 1983, 2006, 2012, 2013, 2014